

# Ukuhlakanipha Okungunaphakade

*Indlela eya eNsisindisweni*

# Ukuhlakanipha Okungunaphakade

*Indlela eya eNsindisweni*



Ishicilelwe yasatshaliswa yi-Bible Society of South Africa.

[www.biblesociety.co.za](http://www.biblesociety.co.za)



BibleSA.co.za

**BibleSA**

Download our Bible apps here.

## **Eternal Wisdom**

First digital edition 2022

Bible text: The Bible in isiZulu 2020 Translation © Bible Society of South Africa 2020

© Bible Society of South Africa 2022

All rights reserved. No part of this book may, without prior written permission of the copyright holder, be reproduced or transmitted in any form or by any means, electronic, mechanical or otherwise, either through photocopying, writing, audio recording, or any other system for information storage and retrieval.

Published by the Bible Society of South Africa, P O Box 5500, Tyger Valley 7536, Bellville

[www.biblesociety.co.za](http://www.biblesociety.co.za)

Epub-format	ISBN 978-0-7982-2451-2
Mobi-format	ISBN 978-0-7982-2452-9
PDF-format	ISBN 978-0-7982-2453-6

# Isandulelo

*IBhayibheli lidala kakhulu. Incwadi yokugcina yeThestamente Elidala yabhalwa ngaphambi kokuzalwa kuka Krestu kanti iThestamente Elisha laqedelwa sekuyophela iminyaka eyikhulu yokuqala AD. Kodwa umlayezo wale ncwadi yakudala uhleze umusha futhi umuhle kuleso naleso sizukulwane.*

*Ngenxa yokuthi iyiZwi elinikeza impilo elivela kuNkulunkulu ophilayo, selokhu yaba umthombo wamandla kanye nenduduzo yeminyaka ngeminyaka kwizigidi zamakholwa. Umphostoli uPhawuli unalesi siqinisekiso:*

**Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla, nakuphakama, nakujula, nanoma yini enye edaliweyo; akuyukuba namandla okusehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKhristu uJesu, iNkosi yethu.**

*(KwabaseRoma 8:38-39)*

*Emhlabeni ogcwele ukungabi nasiqiniseko, abantu abasenasiqiniseko sokuthi ukukholwa kusho ukuthini kubo. Kungafani noPhawuli, abakholwa uthando luka Nkulunkulu olungenyakaziswe kubo. Ngakho-ke bazifunela isiqinisekiso kubo uqobo kanye namaqiniso esikhashana ngenkathi belahlekelwa ukubona ubuhlakani obungunaphakade obuqokethwe eZwini lika Nkulunkulu.*

*Lokhu kukhetha okutholakala eBhayibhelini kudidiyelelwe ukusiza wena ukuba uphinde uthole iqiniso mayelana nothando luka Nkulunkulu kanye nobukhona Bakhe obungunaphakade empilweni yakho. Ngokufunda kula makhasi, sengathi iZwi lika Nkulunkulu, eselihlale ezizukulwaneni eziningi, lingaba amazwi okuhlakanipha akhanyisa indlela osazobhekana nayo.*

**Ngabona ukuthi ukuhlakanipha kungcono kunobuwula, njengoba nokukhanya kungcono kunobumnyama.**

*(UmShumayeli 2:13)*

# Nkulunkulu – uMdali onguMninimandla Onke

## **UNkulunkulu wadala izulu nomhlaba**

*Asiqale ngokubheka ukuthi iBhayibheli lisifundisani  
ngoNkulunkulu njengo Mdali kanye noMbusi woMhlaba kanye  
nendalo yakhe.*

“UNkulunkulu owenza umhlaba nakho konke okukuwo, Yena  
uyiNkosi yezulu nomhlaba, akahlali emathempelini enziwe  
ngezandla, futhi akakhonzwa ngezandla zabantu, kube sengathi  
udinga utho oluthile. NguYena obapha ukuphila nokuphefumula  
nakho konke.” (IzEnzo 17:24-25)

“Ngokuba akukho lutho olungenzeke kuNkulunkulu.”  
(NgokukaLuka 1:37)

Konke kwavela ngaye; ngaphandle kwakhe akuvelanga lutho  
kukho konke okuvelileyo. (NgokukaJohane 1:3)

Akekho onjengawe Simakade;  
umkhulu, igama lakho likhulu emandleni.

Umhlaba wawenza ngamandla akhe,  
izwe walimisa ngokuhlakanipha kwakhe,  
izulu walendlala ngokuqonda kwakhe. (UJeremiya 10:6,12)

“Usho kanje uSimakade,  
oNgcwele ka-Israyeli  
noMenzi wakhe, uthi:

Yimi engiwezile umhlaba,  
ngadala abantu phezu kwawo;  
yizandla zami ezaleneka izulu,  
ngayala wonke amaviyo alo. (U-Isaya 45:11a,12)

“Ufanele Wena Nkosi noNkulunkulu wethu  
ukwemukela inkazimulo nodumo namandla,  
ngokuba wadala izinto zonke,  
futhi zonke zikhona, zadalwa,  
ngokuthanda kwakho.”

(IsAmbulo 4:11)

### **UNkulunkulu wadala umuntu**

*Ku Genesisise sifunda ukuthi uNkulunkulu wadala u-Adamu, umuntu wokuqala, ngokumbumba ngenhlabathi yomhlaba. Ngenkathi uNkulunkulu ephefumulela kumuntu, waba umuntu ophilayo.*

USimakade uNkulunkulu wabumba umuntu ngomhlabathi, wayesemphefumulela ngomoya wokuphila emakheleni, umuntu waba yisidalwa esiphilayo. (UGenesisise 2:7)

UNkulunkulu wamdala umuntu waba ngumfanekiso wakhe, wamenza ukuba afuze Yena, wabadala owesilisa nowesifazane. (UGenesisise 1:27)

### **Injongo kaNkulunkulu ngomuntu**

*Njengolunye uphawu lothando lwakhe, uNkulunkulu akadalanga umuntu ngomfanekiso wakhe nje kuphela, kodwa wamenza ukuba alawule indalo futhi ayinakekele:*

USimakade uNkulunkulu wabeka umuntu ensimini yase-Edeni ukuze ayilime, futhi ayilinde. (UGenesisise 2:15)

umenze wabusa phezu kwemisebenzi  
yezandla zakho;  
wakubeka konke phansi kwezinyawo zakhe:  
zonke izimvu, izinkomo,  
izilwane zasendle,  
izinyoni zezulu, izinhlanzi zasolwandle  
nakho konke okuhamba ezindleleni zolwandle

(AmaHubo 8:6-8)

NguYena obapha ukuphila nokuphefumula nakho konke. Wazenza izizwe zonke ngagazi linye ukuba zakhe ebusweni bomhlaba, wamisa izinkathi ezinqunyiweyo nemingcele yokuhlala kwazo, ukuze zimfune uNkulunkulu, mhlawumbe zingase zimphumputhe, zimfumane; ingani akakude kulowo nalowo wethu. ‘Ngokuba siphila, sihamba, sikhona kuye.’ ”  
(IzEnzo 17:25b-28a)

### **Umuntu uyamlahla uNkulunkulu**

*Impendulo yomuntu ngethemba uNkulunkulu alibeke kuye kwakuwukungamthobeli kanye nokulahla ukuhamba naye okunothando. Ngenxa yalokhu, isono saba khona emhlabeni. Ubufakazi bobunjalo besono somuntu buyamangaza.*

Baguqula iqiniso likaNkulunkulu, balenza amanga, badumisa futhi bakhonza okudaliweyo kunoMdali odumisekayo kuze kube phakade. Amen.  
(KwabaseRoma 1:25)

Ngokuba bonke bonile, basilalelwe yinkazimulo kaNkulunkulu.  
(KwabaseRoma 3:23)

“Ngokuba enhliziyweni kuvela imidlinzo emibi, ukubulala, ukuphinga, ubufebe, ukweba, ukufakaza amanga, nokuhlambalaza.”  
(NgokukaMathewu 15:19)

Isiwula sithi enhliziyweni yaso:

“Akekho uNkulunkulu.”

Bonakele, benza okunengekayo,  
akekho owenza okuhle.

USimakade uyababuka  
abantwana babantu esezulwini,  
ukubona ukuthi ukhona yini ohlakaniphileyo,  
ofuna uNkulunkulu.

Bonke baphambukile,  
bonke bonakele;  
akekho owenza okuhle,  
akukho namunye.

(AmaHubo 14:1-3)

# Sazi kanjani ukuthi siyini isono?

*Akukhona ukuthi umuntu akayazi imithetho kaNkulunkulu ekoneni kwakhe, ukhethe ukulandela inhliziyu yakhe. UNkulunkulu usinike Imithetho Eyishumi; kanti kwiThestamente Elisha, uJesu uwufinqile umthetho kaNkulunkulu ukuthi uphinde ube lula kithi ukuze siwuqonde futhi siwulandele.*

UNkulunkulu wakhuluma wonke lawa mazwi, wathi:

“NginguSimakade uNkulunkulu wakho owakukhipha eGibhithe, indlu yobugqila.

Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami.

Ungazenzi isithombe esibaziweyo, sanoma yini olusezulwini phezulu, noma olusemhlabeni phansi, noma olusemanzini phansi komhlaba. Ungazikhothameli, unguhungeki ukuba uzikhonze, ngokuba Mina Simakade uNkulunkulu wakho, nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana, kuso isizukulwane sesithathu nesesine sabangizondayo, kepha ngibenzela umusa abayizinkulungwane balabo abangithandayo, bagcine imiyalelo yami.

Ungaliphathi ngeze igama likaSimakade uNkulunkulu wakho, ngokuba uSimakade akayukumyeka angamjezisi oliphatha ngeze igama lakhe.

Khumbula usuku lwesabatha, ulungcwelise. Uyosebenza ngezinsuku eziyisithupha, uwenze wonke umsebenzi wakho, kepha usuku lwesikhombisa luyisabatha likaSimakade, uNkulunkulu wakho; awuyukwenza msebenzi ngalo, wena nendodana yakho, indodakazi yakho, inceku yakho, incekekazi yakho, imfuyo yakho, nomfokazi ogogobele emzini wakho, ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uSimakade wenza izulu nomhlaba, nolwandle, nakho konke okukukho, waphumula ngosuku lwesikhombisa, ngalokho uSimakade walubusisa usuku lwesabatha, walwehlukanisela ukuba lube ngcwele.

Hlonipha uyihlo nonyoko ukuze izinsuku zakho zande ezweni, uSimakade uNkulunkulu wakho akunika lona.

Ungabulali.

Ungaphingi.

Ungebi.

Ungafakazi ngamanga ngomakhelwane wakho.

Ungayifisi indlu yomakhelwane wakho; ungamfisi umfazi womakhelwane wakho, inceku yakhe, incekekazi yakhe, inkabi yakhe, imbongolo yakhe, noma yini kamakhelwane wakho.”

(U-Eksodusi 20:1-17)



## **UMthetho uyasikhombisa ukuthi isono siyini**

Qha nakanye, kepha ngabe angisazanga isono ukuba kwakungekho umthetho, ngokuba ngangengekwazi nokufisa ukuba umthetho awushongo ukuthi: “Ungafisi.” (KwabaseRoma 7:7b)

## **UJesu usifinqele uMthetho kanje:**

UJesu wathi kuye: “ ‘Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangayo yonke ingqondo yakho.’ Yilowo umyalo omkhulu nowokuqala. Owesibili ofana nawo, uthi: ‘Wothanda umakhelwane wakho njengalokhu uzithanda wena.’ Kuleyo miyalo yomibili kubambebele umthetho wonke nemfundiso yabaphrofethi.”  
(NgokukaMathewu 22:37-40)

## **Imiphumela yesono**

*Njengo Adamu no Eva abacashela uNkulunkulu lapho sebebonile ukuthi bonile, ngakho-ke sehlukani siwe noNkulunkulu uma singayenzi intando yakhe.*

Kodwa ububi benu bunahlukanisile noNkulunkulu,  
nezono zenu zibusithile  
ubuso bakhe kini  
ukuba anganizwa. (U-Isaya 59:2)

Ngokuba ukucabanga komuntu esenyameni kungubutha kuNkulunkulu, lokhu akuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, futhi akusoze kwawuthobela, ngokuba abasabuswa yimvelo abanakumthokozisa uNkulunkulu. (KwabaseRoma 8:7-8)

## **UNkulunkulu uyasehlulela isono**

*Isono siyaphambana nobunjalo buka Nkulunkulu ngakho-ke kufanele sijeziwe.*

Ngokuba intukuthelo kaNkulunkulu yambuliwe, ivela ezulwini, phezu kwakho konke ukungamesabi uNkulunkulu nokungalungi kwabantu abathiya iqiniso ngokungalungi kwabo. (KwabaseRoma 1:18)

Ngalokho-ke yilowo nalowo phakathi kwethu uyakuziphendulela kuNkulunkulu. (KwabaseRoma 14:12)

Bazalwane, ningakhonondi omunye ngomunye ukuze ningehlulelwa. Nango umehluleli umi ngasemnyango.

(EkaJakobe 5:9)

# UJesu Kristu – ithemba labantu

*UNkulunkulu uveza uthando lwakhe ngokunikela ngeNdodana yakhe. Waba njengathi ukuze ahlale phakathi kwethu, ukuze asikhombise indlela.*

ULizwi waba ngumuntu, wahlala phakathi kwethu. Sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo yozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso. *(NgokukaJohane 1:14)*

Kepha uNkulunkulu ecebile ngesihawu, nangenxa yothando lwakhe olukhulu asithanda ngalo, nalapho sasifile ngenxa yeziphambeko, wasiphilisa kanye noKhristu – ngomusa nisindisiwe. Wasivusa kanye naye, wasihlalisa naye ezulwini kuKhristu uJesu. *(Kwabase-Efesu 2:4-6)*

Othanda ukuba bonke abantu basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso. Ngokuba munye uNkulunkulu, munye nomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, ngumuntu uKhristu uJesu, owazinikela ukuba abe yinhlawulo yabo bonke, kube ngubufakazi besikhathi esifaneleyo. *(1 kuThimothewu 2:4-6)*

Okholwa yiyo akehlulelwa, kodwa ongakholwa, usevele wehlulelwe, ngokuba engakholwanga eNdodaneni kaNkulunkulu ezelwe yodwa. *(NgokukaJohane 3:18)*

Kanjalo akusekho ukulahlwa kwabakuKhristu uJesu. *(KwabaseRoma 8:1)*

# UKristu uyisipho esikhulu sika Nkulunkulu kubantu

## UKristu unjengoBaba

*UJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu futhi unguNkulunkulu yena uqobo. Ungukubonakaliswa kukaNkulunkulu uBaba emhlabeni.*

Yona ingumfanekiso kaNkulunkulu ongabonwayo, iyizibulo lakho konke okudaliweyo. *(KwabaseKolose 1:15)*

“Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. Ngokuba uNkulunkulu kayithumelanga iNdodana yakhe ezweni ukuba izokwehlulela izwe, kodwa ukuba izwe lisindiswe ngayo.” *(NgokukaJohane 3:16-17)*

UNkulunkulu esekhulumile endulo kokhokho ngabaprofethi ngamathuba amaningi nangezindlela eziningi, ekugcineni kwale mihla ukhulume kithina ngeNdodana ayimise ibe yindlalifa yakho konke, owadala ngayo futhi izwe. Yona ethi ingukumenyezela kwenkazimulo yakhe, ifuze yena uqobo, iphasa konke ngezwi lamandla ayo. *(KumaHeberu 1:1-3a)*

Akekho osewake wabona uNkulunkulu; nguNkulunkulu, iNdodana ezelwe yodwa, esesifubeni sikaYise embonakalisile. *(NgokukaJohane 1:18)*

Ngakho-ke uJesu wamemeza efundisa ethempelini, wathi: “Niyangazi Mina, futhi niyazi nokuthi ngivela kuphi. Kepha angizizelanga Mina, kodwa lowo ongithumileyo, uqinisile, eningamaziyo nina. Ngiyamazi Mina, ngokuba ngivela kuye, futhi nguye ongithumileyo.” *(NgokukaJohane 7:28-29)*

“Inhliziyo yenu mayingakhathazeki. Kholwani nguNkulunkulu, nikholwe nayimi.”

UFiliphu wathi kuye: “Nkosi, sikhombise uYihlo, kusanele.”

UJesu wathi kuye: “Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu, na? Ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi: ‘Sikhombise uYihlo,’ na? Awukholwa ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi, na? Amazwi engiwakhulumayo mina kini angiwakhulumi ngokwami; kepha uBaba ohlezi kimi wenza imisebenzi yakhe. Kholwani yimi ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi; uma kungenjalo, kholwani ngenxa yale misebenzi.” *(NgokukaJohane 14:1,8-11)*

Njengokuba uyiphe amandla phezu kwabantu bonke, ukuze bonke oyiphe bona, ibaphe ukuphila okuphakade.

*(NgokukaJohane 17:2)*

### **UKristu uthatha isijeziso sezono zethu**

*UNkulunkulu akakwazi ukubekezelela ukona ngoba yena uqobo akanasici. Isono kufanele sijeziswe kodwa uNkulunkulu wasithanda kangaka, wathumela iNdodana yakhe ukuba ifele izono zethu.*

Kepha uNkulunkulu ubonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu, ukuthi siseyizoni, uKhristu wasifela. *(KwabaseRoma 5:8)*

Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kodwa isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKhristu uJesu iNkosi yethu. *(KwabaseRoma 6:23)*

UKhristu wahlupheka kwaba kanye ngenxa yezono; olungileyo ehluphekela abangalungile, ukuze aniyise kuNkulunkulu; wabulawa emzimbeni, kodwa waphiliswa kuMoya. *(1 kaPetru 3:18)*

Esinokuhlengwa kuye ngegazi lakhe, ukuthethelelwa kweziphambeko ngokwengcebo yomusa wakhe. *(Kwabase-Efesu 1:7)*

Nokho manje usebuyisene nani emzimbeni wenyama yayo ngokufa ukuba animise ningcwele, ningenasisihla nacala phambi kwakhe. *(KwabaseKolose 1:22)*

## **UKristu uyanqoba phezu kokufa futhi unikeza ukuphila okungunaphakade**

Sazi ukuthi uKhristu esevusiwe kwabafileyo, akasayukufa, ukufa akusabusi phezu kwakhe. Ngokuba ukufa afa ngakho, wakufa kwaba kanye kuphela ngenxa yesono; kodwa ukuphila akuphilayo ukuphilela uNkulunkulu.

Kanjalo nani zishoni ukuthi ningabafileyo maqondana nesono, kodwa niphilele uNkulunkulu kuKhristu uJesu.

*(KwabaseRoma 6:9-11)*

Uma-ke uMoya walowo owavusa uJesu kwabafileyo ehlala kini, lowo owamvusa uKhristu uJesu kwabafileyo uyakuyiphilisa nemizimba yenu efayo ngaye uMoya wakhe ohlala kini.

*(KwabaseRoma 8:11)*

UNKulunkulu wayivusa iNkosi, nathi uyakusivusa ngamandla akhe.

*(1 kwabaseKorinte 6:14)*

Ngokuba nganinika lokho okubalulekileyo kakhulu engakwamukela nami ukuthi uKhristu wafa ngenxa yezono zethu, njengokwemibhalo, nokuthi wambelwa, waviruswa kwabafileyo ngosuku lwesithathu njengokwemibhalo.

*(1 kwabaseKorinte 15:3-4)*

## **UNKulunkulu ukhipha isehlulelo sesono ngoKristu**

Ngokuba umisile usuku azakwehlulela ngalo izwe ngokulunga, ngomuntu ammisele khona.

*(IzEnzo 17:31a)*

“Ngokuba noYise akehluleli muntu, kodwa igunya lonke lokwehlulela ulinike iNdodana.”

“Uyinikile igunya lokwehlulela, ngokuba iyiNdodana yomuntu.

“Ningamangali ngalokho, ngokuba isikhathi siyeza lapho bonke abasemathuneni beyakulizwa iphimbo layo, abenze okulungileyo baphumele ekuvukeni kokuphila; kuthi abenze okubi ekuvukeni kokulahlwa.”

*(NgokukaJohane 5:22,27-29)*

# Isihluthulelo sesipho sika Nkulunkulu ukholo

## Luyini ukholo?

*Ukuba nokukholwa kuwukukholwa ubuqiniso kanye nokwethembeka kwalokho okukholwayo nezenzo zakho ozibhekisa kukho ngalezo zinkolelo.*

Kepha ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.

Ngingabuye ngithini ngokukholwa na? Ngingaphelelwa yisikhathi uma ngingaqhubeka ngilande ngoGideyoni, uBharaki, uSamsoni, uJeftha; ngoDavide noSamuweli nangabaphrofethi, okwathi ngokukholwa, banqoba imibuso, basebenza ukulunga, bazuza izithembiso, bavimba imilomo yezingonyama, bacima amandla omlilo, baphunyuka enkembeni, baphiwa amandla ebuthakathakeni, baba yiziqhwaga empini, baxosha izimpi zabezizwe. Abesifazane babuyiselwa abakubo ababefile sebevusiwe.

*(KumaHeberu 11:1,32-35)*

## Ukholo lukwenza ukuba wazi enhliziyweni yakho ngaphambi kokubona ngamehlo akho

ngokuba sihamba ngokukholwa, hhayi ngokubona.

*(2 kwabaseKorinte 5:7)*

## Ukholo luwukukholwa uJesu Kristu

Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyiNkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo, uyakusindiswa. Ngokuba umuntu ukholwa ngenhliziyo kube ngukulunga, avume ngomlomo wakhe kube ngokusindiswa.

*(KwabaseRoma 10:9-10)*

““Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: olizwayo izwi lami, akholwe ngongithumileyo, unokuphila okuphakade. Akayi ekwehlulelweni, kepha udlulisiwe ekufeni, wangena ekuphileni.”

*(NgokukaJohane 5:24)*

“Ngokuba lokhu kuyintando kaBaba, ukuba yilowo nalowo obona iNdodana, akholwe yiyo, abe nokuphila okuphakade; Mina ngiyakumvusa ngomhla wokuphela.” *(NgokukaJohane 6:40)*

### **Ukholo ukuthobela uKristu**

*Ukwenza njengokusho kuka Kristu kithi, kunikeza iqiniso ezinkolelweni zethu.*

Kwathi sekuphele iwayini, unina kaJesu wathi kuye: “Abanalo iwayini.”

UJesu wathi kuye: “Mame, ungene ngani kokwami na? Isikhathi sami asikafiki.”

Unina wayesethi ezincekwini: “Yenzani noma yini azakunitshela yona. *(1 kaJohane 2:3-5)*

UJohane naye wayebhabhadisa e-Ayenia eduze naseSalimi, ngokuba kwakunamanzi amaningi lapho. Abantu beza, babhabhadiswa. Lokho kwenzeka uJohane engakafakwa ejele. *(1 kaJohane 3:23-24)*

Ngokuba ukuthanda uNkulunkulu yilokhu ukuba siyigcine imiyalo yakhe, futhi imiyalo yakhe ayinzima. *(1 kaJohane 5:3)*

Masizihlambulule kukho konke ukungcola kwenyama nokomoya, siphelise ubungcwele ngokwesaba uNkulunkulu. *(2 kwabaseKorinte 7:1b)*

### **Ukholo ukuphenduka**

*Ukuphenduka kuwushintsho lwengqondo olukhulu oluholeda ekushintsheni indlela yokuphila. Kuchaza ukusuka ezindleleni zakho ezindala bese uhamba ngezindlela zika Jesu.*

ngibuyise ukuze ngibuye,  
ngokuba Wena unguSimakade uNkulunkulu wam. *(UJeremiya 31:18b)*

Kepha wena batshela, uthi: Usho kanje uSimakade Wamabandla, uthi: ‘Buyelani kimi,’ kusho uSimakade Wamabandla, ‘nami ngizobuyela kini,’ kusho uSimakade Wamabandla. *(UZakariya 1:3)*

Ethi: “Isikhathi sigwalisekile, umbuso kaNkulunkulu ususondele; phendukani, nikhholwe yivangeli.” *(NgokukaMarku 1:15)*

## **Ukholo luwukuzinikela wena uqobo kuKristu**

*Ngisho nemisebenzi yethu emihle kakhulu ayiqondile futhi igcwele isono. Sekuyisikhathi sokubeka ithemba lakho ku Kristu nokuyeka ukwethembela kuwe uqobo. Kusho umphostoli uPhawuli.*

Uma kukhona ocabanga ukuthi unesizathu sokwethembela enyameni, mina ngineziningi. Ngasokwa ngosuku lwesishiyagalombili, ngingowohlanga luka-Israyeli, owesizwana sakwaBhenjamini, umHebheru wamaHebheru, ngokomthetho ngingumFarisi. Ngangiyisishisekeli esizingela ibandla, ngokokulunga okusemthethweni ngingongasolekiyo.

Kepha lokho okwakuyinzuzo kimi ngakushaya indiva ngenxa kaKhristu. Yebo impela, ngikushaya indiva ngenxa yobukhulu bokumazi uKhristu uJesu iNkosi yami, engilahlekelwe yikho konke ngenxa yakhe, ngikushaya izibi ukuze ngizuze uKhristu, ngifunyanwe kuye ngingenakho ukulunga okungokomthetho, kodwa lokho okuvela ngokukholwa nguKhristu, ngisho ukulunga okuvela kuNkulunkulu ngokukholwa, ukuze ngimazi Yena, namandla okuvuka kwakhe, ngibe nokuhlanganyela ezinhlophekweni zakhe, ngimfuze nangokufa kwakhe, mhlawumbe ngingaze ngifinyelele ekuvukeni kwabafileyo. *(KwabaseFilipi 3:4b-11)*

## **Ukholo ukuba ngoka Kristu**

*Walethwa ngegazi eliyigugu lika Kristu ngakho-ke ungowakhe!*

Nafa maqondana nomthetho ngomzimba kaKhristu, ukuba nibe ngabomunye, lowo owavuswa kwabafileyo, ukuze sithele izithelo kuNkulunkulu. *(KwabaseRoma 7:4b)*

Uma sifa, sifela iNkosi. Ngakho-ke noma siphila noma sifa, singabeNkosi.

Ngenxa yalokho uKhristu wafa, wabuye waphila ukuze abe yiNkosi yabafileyo neyabaphilayo. *(KwabaseRoma 14:8b-9)*

Nina-ke ningabakaKhristu, uKhristu ungokaNkulunkulu. *(1 kwabaseKorinte 3:23)*

Anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele eninaye, enimemukele evela kuNkulunkulu, nokuthi anizimele ngokwenu na? Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakho-ke mngcweliseni uNkulunkulu emizimbeni yenu.

*(1 kwabaseKorinte 6:19-20)*



# Ngizokwazi kanjani ukuthi konke lokhu kuyiqiniso?

## Ngobufakazi boMoya Oyingcwele

*UMoya Oyingcwele ungumuntu wesithathu Ebuthathwini wayekhona kusukela ekuqaleni kwehlabathi.*

“Ngiyakucela kuBaba ukuba aniphe omunye uMduduzi ukuba ahlale kini kuze kube phakade.”

“Kepha uMduduzi, uMoya oNgcwele, uBaba ayakumthumela egameni lami, uyakunifundisa konke, anikhumbuze konke enginitshela khona.” *(NgokukaJohane 14:16,26)*

“Lapho esefikile Yena, uyokulambulela izwe ukuthi leduke kangakanani mayelana nesono, nangokulunga, nangokwahlulela.” *(NgokukaJohane 16:8)*

Ngakho-ke ngiyanzisa ukuthi: akukho muntu okhuluma ngoMoya kaNkulunkulu ongathi: “Makaqalekiswa uJesu,” futhi akekho ongathi: “UJesu uyinkosi,” ebe engaholwa nguMoya oNgcwele. *(1 kwabaseKorinte 12:3)*

Kepha nguNkulunkulu osimise kanye nani kuKhristu, nowasigcobayo, nguye futhi owasibeka uphawu, nowasipha uMoya oyisibambiso ezinhliziyweni zethu. *(2 kwabaseKorinte 1:21-22)*

## NgeZwi lika Nkulunkulu

Izwi lakho liyisibani ezinyaweni zami nokukhanya endleleni yami. *(AmaHubo 119:105)*

Ngokuba njengalokhu ngokuhlakanipha kukaNkulunkulu izwe lingazange limazi uNkulunkulu ngokuhlakanipha kwalo. *(1 kwabaseKorinte 1:21a)*

Ngakho-ke ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa kuvela ngezwi likaKhristu. *(KwabaseRoma 10:17)*

# Noma ubani okholwa nguKristu, uba yisidalwa esisha

*Sinikeza ukuqonda okholweni lwethu ngokuphila izimpilo zethu ngokwamaqiniso esiwathole eZwini lika Nkulunkulu elingunaphakade.*

Ngokuba uma umuntu ekuKhristu, uyisidalwa esisha, okwakuqala kudlulile; sekuvele okusha. Konke lokho kuvela kuNkulunkulu owenza ukuba sibuyisane naye ngoKhristu.

*(2 kwabaseKorinte 5:17-18a)*

UJesu waphendula, wathi kuye: “Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: uma umuntu engazalwa kabusha, ngeke awubone umbuso kaNkulunkulu.”

UNikhodimu wathi kuye: “Umuntu angazalwa kanjani esemdala na? Angangena yini esibeletweni sikanina ngokwesibili, ukuba azalwe na?”

UJesu waphendula, wathi: “Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, ngeke angene embusweni kaNkulunkulu”

*(NgokukaJohane 3:3-5)*

# Umuntu uphila kanjani njenge sidalwa esisha?

## Sizanani

Makungabi bikho ozifunela okwakhe, kepha akube yilowo nalowo afunele omunye.

Ningabi yisikhubekiso kubaJuda, kumaGriki, noma kulo ibandla likaNkulunkulu, njengalokhu nami ngithokozisa bonke ngakho konke, ngingafuni okuzosiza mina kuphela, kodwa okusiza abaningi, ukuze basindiswe. *(1 kwabaseKorinte 10:24,32-33)*

Nithobelane ngenxa yokumesaba uKhristu. *(Kwabase-Efese 5:21)*

Thandanani ngokujulile ngothando lobuzalwane; nindulelane ekuhloniphaneni. *(KwabaseRoma 12:10)*

Masingakhathali ngukwenza okuhle, ngokuba siyovuna ngesikhathi esifaneleyo, uma singadangali. Ngakho-ke njengokuba sinethuba, masenze okuhle kubo bonke, ikakhulu kwabendlu yokukholwa. *(KwabaseGalathiya 6:9-10)*

## Yiba yisibonelo kwabanye

Hambani ngokuhlakanipha kubo abangaphandle, nithengisise isikhathi. Ukukhuluma kwenu makube nomusa njalo, kuyoliswe ngosawoti, ukuze nazi enifanele ukubaphendula ngakho bonke abantu. *(KwabaseKolose 4:5-6)*

Kanjalo, makukhanye ukukhanya kwenu phambi kwabantu, ukuba babone imisebenzi yenu emihle, bamdumise uYihlo osezulwini. *(NgokukaMathewu 5:16)*

Yibani ngabalenzayo izwi, ningabi ngabalizwayo nje kuphela, nizikhohlisa. *(EkaJakobe 1:22)*

Ngakho-ke bazalwane, khuthalani kakhulu ukuze nikhombise ukubizwa nokukhethwa kwenu.. *(2 kaPetru 1:10a)*

Bantwanyana, masingathandi ngezwi nangokukhuluma nje, kodwa makubonakale ngezenzo nangeqiniso.

Ngalokho siyazi ukuthi singabeqiniso; inhliziyoyethu iyakuba neqholo phambi kwakhe

*(1 kaJohane 3:18-19)*

### **Khula okholweni**

*Isidalwa esisha kufanele sikhule futhi sivuthwe. Ukukhula kusukela ekufundeni nasekuzweni iZwi lika Nkulunkulu nasekukhulekeleni amanye amakholwa.*

Ikakhulukazi ngikhulekela ukuba uthando lwenu lwande kakhulu, lujule ekwazini nasekuqondeni konke, ukuba nikwazi ukukhetha okusemqoka, ukuze nibe mhlophe, futhi ningabi nasici osukwini lukaKhristu.

*(KwabaseFilipi 1:9-10)*

Ngakho-ke masedlule emfundisweni yokuqala ngoKhristu, siqhubekele phambili kokupheleleyo.

*(KumaHeberu 6:1a)*

Kepha ukuhlakanipha sikukhuluma phakathi kwabapheleleyo.

*(1 kwabaseKorinte 2:6a)*

Ngakho-ke nathi, kusukela ngosuku esezwa ngalo, asiyeki ukunikhulekela sicela ukuba nigcwaliswe ngolwazi lwentando yakhe kukho konke ukuhlakanipha nokuqonda okungokomoya, ukuze nihambe ngokufanele iNkosi, niyithokozise ngakho konke, nithela izithelo kuyo yonke imisebenzi elungileyo, nikhula ekumazini uNkulunkulu.

*(KwabaseKolose 1:9-10)*

Njengezinsana ezisanda kuzalwa, langazelelani ubisi olungokomoya olungenakonakala, ukuze ngalo nikhule kube ngukusindiswa.

*(1 kaPetru 2:2)*

# UNkulunkulu uqinisa ukholo

*UNkulunkulu unikeza izindlela zokuqinisa ukholo lwethu futhi alwenze lukhule ngalezi zindlela ezilandelayo:*

## **NgoMoya Oyingcwele**

“Niyabona, Mina nginani izinsuku zonke, kuze kube sekupheleni kwezwe.”  
*(NgokukaMathewu 28:20b)*

“Ngiyakucela kuBaba ukuba aniphe omunye uMduduzi ukuba ahlale kini kuze kube phakade; uMoya weqiniso, izwe elingemamukele, ngokuba lingamboni, futhi lingamazi.”

“Kepha uMduduzi, uMoya oNgcwele, uBaba ayakumthumela egameni lami, uyakunifundisa konke, anikhumbuze konke enginitshele khona.”  
*(NgokukaJohane 14:16-17a,26)*

Wasisindisa; hhayi ngemisebenzi yokulunga esayenza, kodwa ngokwesihawu sakhe, ngokugezwa kokuphinda kuzalwa, ngokuba senziwe basha ngoMoya oNgcwele, amthululela ngokwevileyo phezu kwethu, ngaye uJesu Khristu uMsindisi wethu.  
*(KuThithu 3:5-6)*

## **NgeZwi lakhe**

Phela izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika nganhlangothi zombili, lihlabane kuze kuhlukaniswe umphefumulo nomoya, amalunga nomnkantsha, lehlulela imicabango, nezizindlo zenhliziyayo. Akukho lutho futhi oludaliweyo olungabonakali phambi kwakhe, kodwa konke kwambuliwe kwaba sobala emehlweni akhe, yena esiyakuzilanda kuye.  
*(KumaHeberu 4:12-13)*

Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu, ilungele ukufundisa, ukusola, ukuqondisa, nokuyala ekulungeni, ukuze umuntu kaNkulunkulu aphelele, ahlonyiselwe yonke imisebenzi emihle.  
*(2 kuThimothewu 3:16-17)*

Ngakho-ke uJesu wakhuluma kubaJuda abase bekhulwa kuye, wathi: “Uma nimi esifundisweni sami, ningabafundi bami uqobo, niyakulazi iqiniso, neqiniso liyakunikhulula.”  
*(NgokukaJohane 8:31-32)*

## **NgeBandla lakhe**

*Ibandla (umzimba wakhe), kanye naye ndawonye ekudumiseni kwabantu bonke, amasakhramente kanye nokudumisa kwanzazonke kwamakholwa, liyikhaya uNkulunkulu alinikeza abathembekile.*

Bazinikela njalo esifundisweni sabaphostoli, ekuhlanganeni, ekuhlephuleni isinkwa, nasemikhulekweni.

Imihla ngemihla bazinikela nganhliziyonye ethempelini, ekuhlephuleni isinkwa emakhaya, badla ukudla kwabo ngentokozo nangenhliziyoye emsulwa, bemdumisa uNkulunkulu, bethandeka kubantu bonke. INkosi yenezela ebandleni imihla ngemihla labo abasindiswayo. *(IzEnzo 2:42,46-47)*

Isixuku sabakholwayo sasinhliziyonye namphefumulo munye, akubanga bikho noyedwa owathi ngempahla yakhe, ingeyakhe, kodwa bahlanganyela kukho konke. *(IzEnzo 4:32)*

Ngakho-ke ibandla laba nokuthula kulo lonke iJudiya, eGalile, naseSamariya, lakheka, lihamba ngokuyesaba iNkosi, nangenduduzo kaMoya oNgcwele, likhula kakhulu. *(IzEnzo 9:31)*

## **Ngokudumisa emphakathini**

Wafika eNazaretha lapho akhulela khona, wangena esinagogeni ngosuku lwesabatha njengalokhu ayevame ukwenza kanjalo. *(NgokukaLuka 4:16a)*

Singakuyeki ukuhlangana kwethu njengoba kungumkhuba wabanye, kodwa sigqugquzelane, ikakhulu njengokuba nilubona usuku lusondela. *(KumaHeberu 10:25)*

Ningadakwa yiwayini, ngokuba kulo kuvela ukuhheka, kodwa nigcwaliswe ngoMoya, niphendulane ngamahubo, ngezihlabelelo nangamaculo okomoya, nicule niyihubele iNkosi enhliziyweni yenu, nimbonge njalo uNkulunkulu uYise ngakho konke, egameni leNkosi yethu uJesu Khristu. *(Kwabase-Efesu 5:18-20)*

Kukodwa zwi  
engikucela kuSimakade,  
yilokhu nje engizimisele  
ukukwenza:  
ukuba ngihlale  
endlini kaSimakade  
zonke izinsuku  
zokuphila kwami,  
ngibuke ubuhle bukaSimakade,  
ngizindle ngisendlini yakhe.

*(AmaHubo 27:4)*

Ngajabula lapho bethi kimi:  
“Masiye endlini kaSimakade.”

*(AmaHubo 122:1)*

### **Ngokufundisa**

Kepha bayakukhuleka kanjani kulowo abangakholwa nguye na? Bayakukholwa kanjani kuye bengezwanga ngaye na? Bayakuzwa kanjani kungekho oshumayelayo na? Bayakushumayela kanjani uma bengathunywa na? Njengokuba kulotshiwe ukuthi:

“Yeka, zinhle kangakanani izinyawo  
zabashumayela izindaba ezinhle.”

*(KwabaseRoma 10:14-15)*

Ngakho-ke nathi, kusukela ngosuku esezwa ngalo, asiyeke ukunikhulekela sicela ukuba nigcwaliswe ngolwazi lwentando yakhe kukho konke ukuhlakanipha nokuqonda okungokomoya, ukuze nihambe ngokufanele iNkosi, niyithokozise ngakho konke, nithela izithelo kuyo yonke imisebenzi elungileyo, nikhula ekumazini uNkulunkulu.

*(KwabaseKolose 1:9-10)*

### **Ngokudumisa noKristu kanye namakholwa**

Lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani, ukuba nibe nenhlanganyelo nathi. Kepha thina sinenhlanganyelo noYise naneNdodana yakhe, uJesu Khristu.

*(1 kaJohane 1:3)*

kanjalo nathi esibaningi, nokho simzimba munye kuKhristu, kepha ngabanye siyizitho, omunye esomunye.

*(KwabaseRoma 12:5)*

Ngokuba thina sonke sabhabhadiswa ngaMoya munye, ukuba sibe mzimba munye, noma ngabe singabaJuda noma singamaGriki, noma siyizigqila noma singabakhululekileyo.

Nakuba izitho ziziningi, kodwa munye umzimba.

*(1 kwabaseKorinte 12:13a,20)*

### **NgeSidlo seNkosi**

Mina ngiyisinkwa sokuphila esehla ezulwini. Uma umuntu edla lesi sinkwa, uyakuphila ingunaphakade. Phezu kwalokho, isinkwa engisinikelayo ngenxa yokuphila kwezwe, singumzimba wami.”

Base bephikisana bodwa abaJuda, bethi: “Lo muntu angasinika kanjani inyama yakhe, ukuba siyidle na?”

Khona uJesu wathi kubo: “Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: uma ningayidli inyama yeNdodana yomuntu, niphuze igazi layo, aninakuphila. Lowo odla inyama yami, aphuze igazi lami, unokuphila okuphakade; ngiyakumvusa ngomhla wokuphela. Ngokuba inyama yami ingukudla isibili, negazi lami liyisiphuzo isibili. Odlalinyama yami, aphuze igazi lami, uhlala kimi, nami kuye. Njengokuba uBaba ophilayo ungithumile, nami ngiphila ngaye, kanjalo nalowo ongidlayo, naye uyakuphila ngami.”

*(NgokukaJohane 6:51-57)*

Indebe yesibusiso esiyibusisayo, ayisiyo yini inhlanganyelo yegazi likaKhristu na? Isinkwa esisihlephulayo asiyiyo yini inhlanganyelo yomzimba kaKhristu na? Ngokuba isinkwa sinye, nokho thina esibaningi singumzimba munye, lokhu thina sonke sihlanganyela lesi sinkwa sinye.

*(1 kwabaseKorinte 10:16-17)*

### **Ngomkhuleko**

Ngalolo suku aniyukungibuza lutho. Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: noma yini eniyakuyicela kuBaba egameni lami, uyakuninika yona. Kuze kube manje anicelanga lutho egameni lami. Celani, niyakuphiwa ukuze intokozo yenu igcwale.

*(NgokukaJohane 16:23-24)*

“Celani, khona nizakuphiwa; funani, khona nizakufumana; ngqongqothani, khona nizakuvulelwa. Ngokuba yilowo nalowo ocelayo uyamukeliswa, nofunayo uyafumana, nongqongqothayo uzakuvulelwa.”

*(NgokukaMathewu 7:7-8)*



Ngelinye ilanga uJesu eseqedile ukukhuleka endaweni ethile, omunye wabafundi bakhe weza kuye, wathi: “Nkosi, sifundise ukukhuleka, njengokuba noJohane wabafundisa abafundi bakhe.”  
Wayesethi kubo: “Uma nikhuleka, anothi: :

“ ‘Baba,  
malingcweliswe igama lakho;  
mawufike umbuso wakho;  
siphe namuhla isinkwa sethu  
semihla ngemihla;  
sithethelele izono zethu,  
njengokuba nathi sibathethelela bonke abanecala kithi;  
ungasingenisi ekulingweni.’ ”  
*(NgokukaLuka 11:1-4)*

Yilesi isibindi esinaso kuye sokuthi uma sicela utho ngokwentando yakhe, uyasizwa. Uma sazi ukuthi uyasizwa noma sicelelani, siyazi ukuthi sinakho esikucelileyo, esikucele kuye. *(1 kaJohane 5:14-15)*

### **Ngokuphikisana nesilingo**

*UNKulunkulu unikeza izindlela zokuqinisa ukukholwa uma ubhekene nesilingo.*

UJesu wayeseholelwa nguMoya ehlane ukuba alingwe nguSathane.

UJesu wayesethi kuye: “Suka, Sathane, ngokuba kulotshiwe ukuthi: ‘Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze Yena yedwa.’ ”

USathane wayesesuka kuye; kwafika izingelosi zamkhonza.  
*(NgokukaMathewu 4:1,10-11)*

“ ‘Ungasingenisi ekulingweni,  
kodwa usikhulule kokubi;  
ngokuba umbuso ungowakho,  
namandla, nenkazimulo,  
kuze kube phakade. Amen.’ ”  
*(NgokukaMathewu 6:13)*

Hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuze nibe namandla okumelana namaqhinga kaSathane. Ngokuba asibambene negazi nenyama, kodwa sibambene nemibuso, namandla, nababusi bezwe balobu bumnyama, nabomoya bobubi emkhathini.

*(Kwabase-Efesu 6:11-12)*

Nimelane noSathane, khona eyakunibalekela. *(EkaJakobe 4:7b)*

Zithibeni, nilinde. Isitha senu, uSathane, siyahamba njengebhubesi elibhodlayo, sifuna esingamdwegula. Melanani naye niqinile ekukholweni, nazi ukuthi zona lezo zinhlupeko ziyabehlela nabazalwane benu abasemhlabeni. *(1 kaPetru 5:8-9)*

Ubusisiwe umuntu okhuthazelayo lapho elingwa, ngokuba uma esevivinyiwe uyakwemukeliswa umqhele wokuphila, iNkosi ewuthembise labo abayithandayo.

Makungabi bikho muntu othi uma elingwa, athi: “Ngilingwa nguNkulunkulu,” ngokuba uNkulunkulu angelingwe ngokubi, naye luqobo kalingi muntu. Kepha yilowo nalowo muntu ulingwa, ahuhwe yizinkanuko zakhe, futhi ahuheke. Phela uma inkano isibambile, izala isono; nesono uma sesiphelelisiwe, sizala ukufa. *(EkaJakobe 1:12-15)*

### **Ngokuzinikela ngokuphelele kuNkulunkulu**

Ngakho-ke isono masingabusi emzimbeni wenu ofayo, nize nithobele izinkanuko zawo, futhi ninganikeli ngezitho zenu esonweni, ukuba zibe yizikhali zokungalungi, kodwa zinikeleni nina kuNkulunkulu njengabaphilayo, abavukile kwabafuleyo; nezitho zenu nizinikeleni kuNkulunkulu, zibe yizikhali zokulunga. *(KwabaseRoma 6:12-13)*

Ngakho-ke bhekisisani ukuthi nihamba kanjani, ningabi njengabangahlakaniphile, kodwa njengabahlakaniphileyo, nith engisise isikhathi, ngokuba izinsuku zimbi. Ngakho-ke ningabi yiziwula, kodwa qondani okuyintando yeNkosi. Ningadakwa yiwayini, ngokuba kulo kuvela ukuhuhuka, kodwa nigcwaliswe ngoMoya, niphendulane ngamahubo, ngezihlabelo nangamaculo okomoya, nicule niyihubele iNkosi enhliziyweni yenu, nimbonge njalo uNkulunkulu uYise ngakho konke, egameni leNkosi yethu uJesu Khristu,. *(Kwabase-Efesu 5:15-20)*

# Ukusabalalisa Izindaba Ezinhle

*UNkulunkulu ufuna ukufinyelela emhlabeni ngamakholwa:*

Kanjalo, makukhanye ukukhanya kwenu phambi kwabantu, ukuba babone imisebenzi yenu emihle, bamdumise uYihlo osezulwini.

*(NgokukaMathewu 5:16)*

“Ngakho-ke hambani, nenze izizwe zonke abafundi, nibabhabhadise egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Nibafundise ukukugcina konke enginyale ngakho. Niyabona, Mina nginani izinsuku zonke, kuze kube sekupheleni kwezwe.”

*(NgokukaMathewu 28:19-20)*

“Kepha nizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, nibe ngofakazi bami eJerusalema, eJudiya lonke naseSamariya, kuze kube sekugcineni komhlaba.”

*(IzEnzo 1:8)*

Abahlakazekileyo bahamba beshumayela izwi levangeli.

*(IzEnzo 8:4)*

“Wasiyala ukuba sishumayele kubantu, sifakaze ukuthi nguye omiswe nguNkulunkulu ukuba abe nguMahluleli wabaphilayo nabafileyo. Nguye, bonke abaphrofethi abafakaza ngaye ukuthi bonke abakholwa nguye bayakwemukela ukuthethelelwa kwezono ngegama lakhe.”

*(IzEnzo 10:42-43)*

Ngiyakuyala ngokweqiniso phambi kukaNkulunkulu noKhristu uJesu oyakwehlulela abaphilayo nabafileyo, ngokubonakala kwakhe nangombuso wakhe, ngithi: shumayela izwi, ulungele ukulishumayela, noma kuyisikhathi noma kungesiso. Sola, ukhuze, ugqugquzele ngakho konke ukubekezela nokufundisa. Ngokuba kuyakufika isikhathi abangayukuyamukela ngaso imfundiso elungileyo.

*(2 kuThimothewu 4:1-3a)*

# Injabulo nokuThula

*Abantu abafuna injabulo ezintweni eziphathekayo nangezinjabulo zesikhashana bayashesha ukuphoxeka. Nokho-ke, uma siphila ngokweZwi lika Nkulunkulu, siyoba nenjabulo nentokozo eyohlala impilo yethu yonke.*

Kepha lapho sebubonakalisiwe ububele bukaNkulunkulu uMsindisi wethu nothando lwakhe kubantu, wasisindisa; hhayi ngemisebenzi yokulunga esayenza, kodwa ngokwesihawu sakhe, ngokugezwa kokuphinda kuzalwa, ngokuba senziwe basha ngoMoya oNgcwele, amthululela ngokwevileyo phezu kwethu, ngaye uJesu Khristu uMsindisi wethu, ukuze sithi silungisiwe ngomusa wakhe, sibe yizindlalifa zokuphila okuphakade ngokwethemba.

*(KuThithu 3:4-7)*

Abahlwanyela ngezinyembezi  
bayakuvuna ngokuthokoza.  
Lowo ohamba ekhala,  
ephethe imbewu,  
uyakubuya ngokuthokoza,  
ethwele izinyanda zakhe.

*(AmaHubo 126:5-6)*

Ubusisiwe wonke umuntu owesaba uSimakade,  
ohamba ngezindlela zakhe.  
Uyakudla okwezikhwepha zakho,  
ubusiseke, ube nempumelelo.

*(AmaHubo 128:1-2)*

Weza washumayela ivangeli lokuthula kini enanikude, yebo,  
ukuthula nakubo abaseduze.

*(Kwabase-Efesu 2:17)*

Makube kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba  
wethu naseNkosini uJesu Khristu.

*(KwabaseGalathiya 1:3)*